# “Izinwele zokwelula izinwele” zitholakale ukuthi ziyisisetshenziswa zokukhiqiza isidakamizwa esaziwa nge-Mandrax

**Tshwane, 7 kuZibandlela 2022 –** Izisebenzi Zehhovisi Elilawula Impahla Emngceleni zoPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) zibambe into esetshenziselwa ukukhiqiza isidakamizwa esaziwa nge-Mandrax emva kokusola iloli ebelingena eNingizimu Afrika lisuka e-Mozambique.

Abahloli beHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni abavela eMnyangweni Wezinja Ezihogela Umkhondo waseLebombo bebesesha njengokujwayelekile izimpahla ezingeniswa ezweni zingena emngceleni eLebombo lapho abamise khona iloli eliphuzi ebelidonsa amakonyane amabili lilibangise eNingizimu Afrika.

Izisebenzi zakhuluma nomshayeli, ongumhlali waseZimbabwe, ukuba bahlole ngenhloso yokuqinisekisa lezi zimpahla ezazidaluliwe, ezazidalulwe njengebhokisi lezinto zokuluka emakhanda (hair extensions). Isisebenzi seHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni lacela amadokhumenti okudalula kumshayeli nabe esedluliselwa kusisebenzi.

Izinombolo zesigxivizokuvika zaqinisekiswa zatholakala ukuthi ziyizo, umhloli wase eqhubeka nophenyo lwakhe elolini lelo. Kwavulwa ibhokisi lamathuluzi, kwatholakala izikhwama eziyi-9 ezinesisindo esingu-22kg ezinempushana engaziwa. Impushana leyo yahlolwa khona lapho kusetshenziswa ikhithi yokuhlola ebizwa nge-*Generic and Cocaine test kit* kwatholakala ukuthi impushana le inezinto ezidaka imizwa.

Izimpahla kanye neloli kube sekuyiswa eMnyangweni wamaPhoyisa (SAPS) ukuze uqhubeke nophenyo. Ekuhambeni kwesikhathi i-SAPS Forensic Laboratory ibe isiqinisekisa ukuthi isakhi esikhona yi-*N-Acetylanthralinic Acid* okuyisona esifakwa kuqala uma kukhiqizwa i-*Methaqualone* (Mandrax).

Isilinganiso senani lalokhu lilinganiselwa ku-R5-million. Kodwa-ke, uma lempushana isisetshenziselwa ukukhiqiza amaphilisi e-Mandrax, isidakamizwa siyobe sesiba nenani eliphezulu kakhulu. Umshayeli weloli ubalekile ngesikhathi kusahlolwa isidakamizwa leso, iloli labe selinikelwa ku-SAPS ukuze baqhubeke nophenyo. Iloli livalelwe endaweni yokugcina impahla ebizwa ngeSigcinampahla Sombuso sakwaSARS.

- Kwesinye isigameko emngceleni i-Skilpadshek neBotswana, isisebenzi seHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni lakwaSARS simise iloli elibhaliswe njengelalapha eNingizimu Afrika ebelithwele amabhokisi ayi-1433 kasikilidi we-*Remington Gold* ongekho emthethweni futhi ongadaluliwe.

Okwakuqukethwe yiloli kwakudalulwe njengephepha eliyimfucuza lenani elingu-R48 500. Ngesikhathi sokuhlola, isisebenzi seHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni sithole ukuthi iphepha eliyimfucuza lalisetshenziselwe ukwemboza nokufihla amabhokisi amakhulu kasikilidi. Inani lalosikilidi lilinganiselwa ku-R21-million.

Umshayeli weloli wenze sengathi uvula lolu olunye uhlangothi lweloli kanti uthola ithuba lokubaleka. Iloli namabhokisi amakhulu kasikilidi kuvalelwe emngceleni i-Skilpadshek. Icala lobugebengu elibhekene nomshayeli, umsebenzeli oqinisekisayo kanye nenkampani yezithuthi liyaqhubeka.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uncome Izisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni kanye ne-DDU ngokuqaphela kwabo ekuvimbeleni ukuthi usikilidi ongemthetho ungangeni ezweni. “Imboni kagwayi nosikilidi esemthethweni kuleli kumele yesekwe kanti noSARS uphinde wakhombisa futhi ukuthi uyayidlala eyawo indima. “Ngokufanayo, ukuhweba ngezinto ezidaka imizwa kumele kuqedwe. Lezi zidakamizwa zilimaza bonke abazisebenzisayo, ngebhadi okubandakanya nabantu abasebancane abangase babe negalelo elikhulu ekuchumeni kwezwe.”

UMnu Kieswetter wengeze ngokuthi uSARS uzimisele ngokuveza lokhu okuchazwa amasu okuphokophelwe okwenza ukungathobeli imigomo yentela kube nzima futhi kumbe eqolo kunoma ubani owephula umthetho. “Yize sesikwenze kwaba lula ukuthobela imigomo yentela, angeke sizibekezelele izigebengu nalabo abasebenzisanayo ekunqindeni ukuchuma komnotho wezwe lethu nenhlalakahle yezakhamizi zethu”

**Bheka ngezansi izithombe zezikhwama eziqukethe i-*N-Acetylanthralinic Acid***





